

28 June 1901

NEWSPAPER:	<i>Ipepa lo Hlanga</i>
DATE:	28 June 1901
Transcriber's note(s):	No author. Presumed written by Magera Magwaza Fuze.
CONTENTS:	Parents' fears and hesitance to release their children to start school at Ekukanyeni due to rumours that their children would be taken abroad. The article lists 29 izinduna nabanumzane who released their children to start schooling at Bishop Colenso's school, Ekukanyeni.
CONTENT WARNING:	Nil

U "Sobantu."

No. II.

Kuti uba afike u Sobantu ngo 1855, kwabutwa izingane zayiswa esikoleni, Ekukanyeni, kodwa amakosi amnyama kawavumanga, kanye nabantu bawo ukubuta izingane pakati kwezifunda zawo njengokwakumenyenzelwa kuwo; ngoba kwavela umuntu otila waqambamanga, wati, izingane lezo zizaubutelwa ukuba ziweliswa zisiwe e England; kwat'uba bakuzwe loko abantu besaba kakulu, kababe besavuma ukuyisa ingane zabo Ekukanyeni, ukupela kwabutwa ezezinduna zodwa zom Tintandaba, ababeti nokutsho abantu kutengwa ngazo ubuduna ku 'Somseu.

Izingane ezayiswa ekukanyeni kambe kwaba yizo lezo zezinduna nezabanumzane bom Tintandaba kupela. Kwakutiwe akubeyilowo alete umntwana wake omkulu oy'inkosana yake. Nembala ke kwenziwa njalo, kwaba yilowo wayisa inkosana yake; basebeti ke labo abangawayisanga amakosana abo bayisa abanewabo bokuwapatela, kwaba abafanyana aba 45, kupela abafanyana balawo madoda odwa akolwa lizwi lika Somseu kunelalelishingana elinamanga kakulu.

Nanka amagama ezi[n]duna nabanumzane abayisa izingane Ekukanyeni. 1. Ngoza ka'Ludaba wakwa Majozi, induna enkulu yakwa Hulumeni; 2. Zatshuke ka'Mbeswa was'ema Bomvini, induna engapansi yakwa Hulumeni, 3. Mfulatelwa ka'Ludaba, oyena mfowabo omkulu owelanywa ngu Ngiza; 4. Nondenisa ka Mabhangwini was'emaTulini; 5. Nozitshina ka'Manxusa wakwa Dhlamini; 6. Funwayo ka Mpopomo wakwa Lutuli, 7. Jojo ka Sotshokolo wakwa'Mtetwa; 8. Jojo ka'Bhilibana wakwa Majozi; 9. Sogweba ka Masekwana wakwa Ntuli; 10. Mangena ka'Nokupata was'ema Nkwanyaneni, 11. Mvula; 12. Nozwenzwe ka'Mlazi; 13. Mangqatsha ka Simenuka wakwa'Hlela, 14. Mvubuka ka'Tshongwe wakwa'Mkize; 15. Magwaza ka Matomela wakwa Mafuze; 16. Kanyana ka Ziweweni wakwa Mkizo; 17. Ntunjwa ka Mlotywa wakwa Mafuze; 18. Sontshenge wakwa Mapumulo; 19. Ntentoni ka'Mhlabati wakwa Majozi; 20. Mahambehlala wakwa Dhlamini; 21. Duzaneka Tshobholo wakwa Ngidi; 22. Mazwi wakwa Zondo; 23. Mfutwane wasema Nkwanyaneni; 24. Mbang; 25. Boyi was'ema Zelemwini; 26. Philip wase Langeni; 27. Zacharias ka'Magcino wakwaTwala; 29. Danioi wakwa Radebe.

Kwat'uba kulwe abantwana benkosi yakwa Zulu, ngombango owalelwa enDondakusuka, kwafika umkwana [umntwana] uMkungo kanye nabafana bezinduna zakwabo, oka

Nomsimekwana, noka Ndhlongolwana, nabaka'Mvukela wasema Ntanjeni ababili. Umumo opeleleyo wabafana waba ngu 50; inganti okwakubhekiwe kwabe kung'ukuba kubutane ndawonye izingane eziningi, mhlaumbe ezi 500 kumbe ngapansi noma ngapezulu kwalowo mumo. Po ke abantu bakohliswe yilelo shingana elinamanga kakulu, kwonakala loko kuzindhla okuhle. Kwasokusuke umsindo owesabekayo kwabesifazana bekalela izingane zabo, ababekolwa ukuti abasayikupinda bazibone, loku ziweliswa; kwaba isililo indawo zonke ngalapo kuhamba abafana ngakona; beti onina kwoyise, batabata ezabo izingane ngenxa yokuba bebala bengabatandi.

Pakati kwabo bonke laba banumzane ababeyise abafana babo Ekukanyeni sekusele u Mangqatsha yedwa, indodana ayiseko bonke imvama yabo sebafa kabaseko.

LEGEND:

[] notes and words by transcriber

TRANSCRIBER:

Sizakele Gumede for FHYA, 2022.

Student, MA in Historical Studies, UCT.